ISIZULU

Umkhobandlela Woluntu

# #RSABUDGET2019

www.treasury.gov.za | RSA Budget | #RSABudget2019 Leliphephandaba likhishwe nguMnyango Wezezimali neNhlangano Eqoqa Intela (Sars).


ISSUED BY

national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (012) 315 5757
www.treasury.gov.za


ULWAZI

## YINI ISABELO SEZIMALI?

Njalo ngonhlolanja, uNgqongqoshe wezezimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelanayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli naphesheya kwezilwandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye namantshontsho atholwa omasipala.

## SENZIWA KANJANI ISABELO MALI?

1. Umnyango wezezimali ukhipha umkhombandlela oqukethe ulwazi oludingekayo ngesabelomali.
2. Iminyango ihlela izinhlelo zayo futhi inikeze indlela ezosebenzisa ngayo imali ekufezekiseni izidingongqangi zoluntu.
3. Izicelo zesabelomali zinikezwa uMnyango Wezezimali bese kuyaboniswana.
4. Amakomidi ezintloko zeminyango abe esexoxa kabanzi ngezicelo zesabelomali ezilethiwe.
5. Kwenziwa iziphakamiso noma izincomo kwiKomidi LoNgqongqoshe elibhekene nesabelomali.
6. Kuba khona isitatimende sesabelomali esenziwa phakathi nonyaka esona sinika izinkomba zesabelomali sokuqala konyaka.
7. Bese kuthi isigungu sekhabinethi senze izinqumo ngokuthi izokwabiwa kanjani imali.
8. Kuhlelwa izincwadi zesabelomali.
9. Isabelomali sethulwa ePhalamende.
10. IPhalamende libe selicubungula isabelomali bese isamukela.
11. Isabelomali sibe sesithunyelwa kuMongameli asisayinde ngokusemthethweni.



# UKUBHEKANA NEZINSELELO ZETHU NOKUVUSELELA ITHEMBA

**Uhulumeni usethathe izinyathelo okuhloswe ngazo ukwenza ngcono isimo somnotho nokuvuselela isimo sezimali zomphakathi. Sekuqaliwe ngezinguquko zokwandisa utshalomali nokukhulisa izimboni zezokumbiwa phansi, ezokungcebeleka kanye nokuxhumana.**

Ukubambisana kosomabhizinisi abazimele nohulumeni sekube nomthelela omuhle, kwaletha izithembiso zotshalomali olukhulu. Phezu kwalokhu, isabelo zimali sika-2019 sichaza izinyathelo okuhloswe ngazo ukufukula amathemba abatshalizimali, ukwenyusa izinga lokukhula komnotho kanye nokwehlisa ukuntenga kwesimo sezimali zomphakathi.

- Uhulumeni useqalile ngezinguquko zokuqinisa ukuphathwa kanye nendlea izinkampanini zikahulumeni njengo Eskom ezisebenza ngayo. Izinguquko kwa-Eskom zihlose ukuthuthukisa ukubakhona kukagesi, okuzokweseka ukutshalwa kwezimali nokukhula komnotho.
- Uyaqhubeka umsebenzi wokuvuselela kabusha i-South African Revenue Service (SARS), okuhambisana nokuqokwa kukaKhomishana omusha. Ibalulekile kuhulumeni ISARS njengoba kuyiyo eqoqa imali yentela
- Uhulumeni uzimisele ukubambisana nosomabhizinisi abazimele kanye nezinkampani zikahulumeni ezibolekisa ngemali yentuthuko, ngenhloso yokwehlisa izindleko kanye nokwenyusa ikhwalithi yengqalasizinda ebhekele izidingo zomphakathi kanye nezomnotho.

Isabelozimali sika-2019 siyaqhubeka nokubeka phambili ezemfundo, ezenhlalakahle, ezempilo nezokuthuthukiswa komphakathi. Zizohlomula nezokuthuthwa komphakathi, ingqalasizinda yezikole, kanye nokuvuselwa kwezindawo zokusebenzela osozimboni, okumbandakanya nezisemalokishini.

Isibikezelo sokukhula komnotho wakuleli kulonyaka sesihlisiwe kuleso esasibekwe ngenyanga kaMfumfu enyakeni owedlule. Sekulindeleke ukuthi umnotho ukhule  ngamaphesenti angu-1.5 kulonyaka, wenyuke kancane ufinyelele ku maphesenti angu-2.1 ngo-2021. Ngenxa yesimo somnotho esibuthakathaka kanye nesidingo sokwesekelwa okukhulu okudingwa yinkampani yakwa-Eskom, isabelozimali sika-2019 sihlongoza ukwehliswa kwemali ebizosetshenziswa uhulumeni kanye nokunciphisa izinga lokwenyuka kwemali ebolekwa uhulumeni.

U-Eskom uthwele nzima ngokwezezimali, ngakho-ke udinga usizo lukahulumeni olulinganiselwa kumabhiliyoni angu-23 wamarandi ngonyaka. Ukuvala isikhala esizodalwa yilezindleko, kuhlongozwa ukuthi kwehliswe isabelo sezimali sezinye izinhlelo zikahulumeni ngamabiliyoni angu-50.3 wamarandi kuleminyaka emithathu ezayo. Ingxenye enkulu yalemali izothathwa kwisabelo mali esibhekene namaholo kanye nokunethezeka kwezisebenzi zikahulumeni. Isamba esingamabhiliyoni angu-25 wamarandi sizophuma oshintshweni kwezentela kuleminyaka emibili ezayo.

Phezu kwalezinyathelo, uhulumeni kusazodingeka aboleke amabhiliyoni angu-243 wamarandi ngonyaka ka-2019/20, angu-253 wamarandi ngo 2020/21, kanye namabhiliyoni angu-252 wamarandi ngo 2021/22. Uma yonke imali ezobolekwe uhulumeni ihlanganiswa naleyo esibolekiwe, izofinyelela kumaphesenti angamashumi ayisithupha uma ilinganiswa nesikalo somnotho wezwe lonke. Lelinani lemali mboleko lingaphezu kancane kwalelo elalimenyenzelwe ngenyanga kaMfumfu onyakeni ophelile. Kulesisimo somnotho esibucayi, uhulumeni uzibophezelele ukuphatha ngokucophelela lelinani lemali mboleko ■



# UMYALEZO KANGQONGQOSHE

**Lesi sabelozimali sichaza uchungechunge lwezinyathelo kwezomnotho nezezimali zikahulumeni, okuhloswe ngazo ukubeka umonotho wakuleli emgudwini omusha kanye nokwehlisa ukuntenga kwesimo sezimali zomphakathi eminyakeni ezayo. Inhloso, ukwenyusa izinga umnotho okhula ngalo, ukuthi ukhula ngokuzinza, kanti futhi bonke abantu bayahlomula ngokukhula kwawo.**

Ekuphathweni kwezimali zomphakathi, injongo ukuqinisekisa ukuthi isikhwama sezimali zikahulumeni sisimeme. Lokhu kungafezeka uma kunganciphiswa igebe phakathi kwemali esetshenziswa uhulumeni kanye nemali eqoqwayo libe selevelini izwe elingakwazi ukumelana nalo. Lokhu kuyodinga ukuthi uhulumeni agcine imalimboleko elevelini engabekezeleleka.

Konke lokhu kuzokwenziwa phansi kwesimo esinzima ezweni lakithi nasemhlabeni jikelele. Uhulumeni usesehlisile isibikezelo sezinga lokukhula komnotho salonyaka ayesenze ngoMfomfu enyakeni ophelile. Sehliswa-nje, yingenxa yobuthakathaka kotshalomali namathuba emisebenzi kuleli kanye nokuntenga kokuhwebelana phakathi kwamazwe.

Lokhukuntenga kwesimo somnotho kusho ukuthi uhulumeni akazukwazi ukuqoqa imali yentela ebilindelekile. Phezu kwalokhu, isimo sezimali sezinye zezinkampani zikahulumeni, ikakhulukazi i-Eskom, esibucayi. Lezinkampani zibheke ukuthi uhulumeni azixhase. Ngakho-ke, kuhlongozwa ukuthi kuthathwe imali ebizokwabelwa ezinye izinhlelo zikahulumeni. Lokhu kuzokwenziwa ngendlela evikela izabelomali ezibhekene nezidingo zabampofu. Ukuze kutholakale enye imali, kunoshintsho oluzwekwenziwa kwezentela ■

# UKWENZA NGOKUSHESHA IZINGUQUKO ZENQUBOMGOMO YOKUKHULISA UMNOTHO



**Izinguquko ezamenyezelwa uMengameli wezwe eziyingxenye yohlelo lokuvuselela umnotho, nokuhloswe ngazo ukuqeda ukungabaza kwabatshali zimali nokufukula izinga lokukhula komnotho, seziqalile ukuba nemiphumela emihle.**

Nazi izibonelo:

- **Ukuchitshiyelwa komthetho wezimvume zabavakashela kuleli:** Uhulumeni useshicilele imininingwane yoshintsho oluhlongozwayo ngomthetho wezimvume zokungena kuleli. Lezinguquko kubhekeke ukuthi zandise inani lezivakashi, osomabhizinisi kanye notshalomali, konke okuyimithombo emikhulu yokudaleka kwamathuba emisebenzi.
- **Kwezokuxhumana:** Uhulumeni uzothengisela izinkampani ezizimele amalayisense amasha kwezokuxhumana. Loluhlelo luzoqala kulonyaka, luphothulwe ngo-2020/21.
- **Inqubomngomo yezokumbiwa phansi:** Uhulumeni usekhiphe umhlahlandlela omusha wezokumbiwa phansi kanti ushintsho obeluhlongozwa emthethweni wezokumbiwa phansi kanye nokukhiqizwa kukaoyele ongahluziwe luyabuyekezwa kabusha. Uhulumeni usebhala umthetho omusha ozolawula izimboni zika-oyela ongahluziwe kanye negesi. Uhulumeni usabonisana nabo bonke abathintekayo ngalomthetho.
- **Inqubomgomo yokuthenga:** Umthetho ozohlanganisa yonke imithetho elawula ukuthenga kukahulumeni izimpahla kanye nezinye izidingo zakhe ezinkampanini ezizimele ususemaphethelweni. Injongo yalomthetho uzokwandisa amathuba abampisholo, ulusha kanye nabesimame okuhwebelana nohulumeni ■



# UHULUMENI UQINISA UKUPHATHA OKUQOTHO NOKUQEDA INKOHLAKALO

**Ukuphathwa kwezinkampani zikahulumeni ezifana ne-Eskom, Transnet, kanye ne-SAA ngekhono kanye nendlela enempumelelo kungabanomthelela omuhle ekukhuphuleni izinga lokukhula komnotho kanye nentuthuko yezwe.**

Yingakho-nje uhulumeni esesungule isigungu esiholwa uMengameli esibhekelene nokuphathwa kanye nokusebenza kwalezinkampani. Inhloso ukuphucula isimo sezimali salezinkampani kanye nendlela ezisebenza ngayo. Umkhandlu uzobuyekeza indima yalezinkampani bese welusa nokuthi ziyazenza yini izinguquko ezifanele. Ukuqinisa indlela eziphethwe ngayo, uhulumeni uphezu komshikashika wokuqoka abaholi abasha, ikakhulukazi kulezonkampani ezinkulu. Ingalo yomthetho yona iyasondela kulabo abanukwa ngenkohlakalo ■

# UKUHLINZEKELWA KWEZIDINGO ZAMANTOMBAZANE EZIKOLENI ZABAPHOFU



**Ngonyaka ka 2019/20, uhulumeni uzohlinzekela izidingo zamantombazane asezikoleni eziphofu njalo ngenyanga uma eya esikhathini.**

Usebeke eceleni izigidi zamarandi angu-157 esabelweni sonyaka ka-2019/20. Lemali izonikwa ohulumeni bezifundazwe okuyibona abazophatha loluhlelo. Imiphumela yonyaka wokuqala waloluhlelo iyona esiyobayinkomba yokuthi ingakanani imali uhulumeni okufanele ayabele loluhlelo eminyakeni ezayo ■

# ISABELO SEZIMALI NOLUNTU

**Ngokubambisana nezinhlangano zomphakathi okubandakanya kuzo IMALI YETHU, uhulumeni uyaqhubeka ukubamba imicimbi kulo lonke izwe ngenhloso yokwazisa imiphakathi ngezimali zomphakathi.**

Kusukela ukuqaliswa kwayo ngo Nhlolanja ka 2018, iVulekamali isibe umthombo omkhulu wolwazi oluvula amehlo emiphakathi ngokuthi uhulumeni uhlanganisa kanjani isabelo sezimali, aphinde futhi asebenzise lezimali zesabelo. Ungathola imininingwane ngezinhlelo ezintsha kanye nemicimbi ehleliweyo ngokuvakashela isizindalwazi (website): **www.vulekamali.gov.za**



# UTSHALOMALI KWINGQALASIZINDA NGUHULUMENI



**Inani labafundi ababhalise emanyuvesi omphakathi lenyukile kuleminyaka engu-15 edlule. Yingakho-nje kunokuntuleka kwezindlu eziphephile nezingabizi zokuhlala abafundi basemanyuvesi.**

Ngonyaka ka 2019/20, uhulumeni uzohlinzeka izigidi ezingu-105 wamarandi, okuyimali yokuqedelela izindawo ezintathu zokuhlala abafundi enyuvesi yezesayensi yezempilo e Sefako Makgatho, enyuvesi i-Nelson Mandela nasenyuvesi yobuchwepheshe eVaal. Eminyakeni eyishumi ezayo, loluhlelo luzohlinzeka izindawo zokuhlala abafundi abangu- 300 000 emanyuvesi angamashumi amabili nesithupha nasema kolishi obuchwepheshe nezemisebenzi (TVET) angamashumi amahlanu. Loluhlelo luwela phansi kwe Budget Facility for Infrastructure (BFI), eyethulwa ngo-2017 ukukwenyusa izinga lokusetshenziswa kwezimali zesabelo sengqalasizinda.

Ngonyaka ka 2018, uMongameli wezwe wamemezela ukusungulwa kwesikhwama sengqalasizinda, okuwumzamo wokuguqula ukulethwa kwengqalasizinda yomphakathi. Lesi sinyathelo sigqugquzela ukubambisana phakathi kukahulumeni nosomabhizinisi abazimele ekuhleleni kanye nokuqala kokwakhiwa kwengqalasizinda.

Lesikhwama sizohlomula ngezigidi ezingu-100 wamarandi eminyakeni ezayo. Ngokusebenzisana noMnyango weZezimali (National Treasury), ibhange lentuthuko laseNingizimu Afrika lizobambisana nosomabhizinisi abazimele kanye nazinye izihlangano zezezimali ebhekele intuthuko ∎

## IZIBONELELA ZENHLALAKAHLE KWABAPHOFU

Ngonyaka ka 2019/20, uhulumeni uzokhuphula isibonelelo sezingane ngo R20 ngenyanga, esezintandane ngo R40 ngenyanga, kuthi isibonelelo sempesheni sona senyuke ngo R85 ngenyanga.

Ngonyaka ka 2021/22, inani labantu abahlomula kwizibonelelo lizofika kwizigidi ezingu-18.6. Abathola isibonelelo sokondla izingane balinganiselwe kwisigidi esingu-13.1, abathola impesheni bafinyelele kwizigidi ezingu-3.9 ∎

| IZIBONELELO ZIKAHULUMENI | 2018/19 | 2019/20 |
|---|---|---|
| EYEMPESHENI | R1 695 | R1 780 |
| EYABAMINYAKA ENGAPHEZU KUKA- 75 | R1 715 | R1 800 |
| EYAMASOSHA ASEMNKATSHU'UBOMVU | R1 715 | R1 800 |
| EYABAKHUBAZEKILE | R1 695 | R1 780 |
| EYEZINTANDANE | R960 | R1 000 |
| EYABADINGA UKUNAKEKELWA | R1 695 | R1 780 |
| EYOKONDLA IZINGANE | R405 | R425 |

## IVELAPHI IMALI FUTHI IZOSETSHENZISWA KANJANI NGO 2018/19?


### IMITHOMBO YEMALI ENGENAYO KAHULUMENI NGO 2019/20

| | | |
|---|---|---|
| R1.37trn | 75.1% | Intela |
| R242.7bn | 13.3% | Ebolekiwe |
| R180.3bn | 9.9% | Ingeniso elingeyontela |
| R31.5bn | 1.7% | Ezinye izingeniso zentela |

### UKUSETSHENZISWA KWEZIMALI ZIKAHULUMENI NGO 2019/20

| | | |
|---|---|---|
| R278.4bn | 15.2% | Ezenhlakahle |
| R262.4bn | 14.4% | Imfundo eyisisekelo |
| R222.6bn | 12.2% | Ezempilo |
| R211.0bn | 11.6% | Ukuthula nokuphepha |
| R209.2bn | 11.5% | Ukuthuthukiswa komnotho |
| R208.5bn | 11.4% | Ukuthuthukiswa komphakathi |
| R202.2bn | 11.1% | Izindleko zokukhokha isikweletu |
| R112.7bn | 6.2% | Imfundo ephakeme nokuqeqeshwa |

## ISABELO SEZIMALI: NGOKWEMALI ENGAHLANGENE NEZINDLEKO ZENZUZO KANYE NEMALI YENZUZO EKHOKHWA UHULUMENI NGONYAKA




* Izindleko ezingeyona inzalo isabelo sezimali kahulumeni kungabandakanyi inzalo ekhokhelwa isikweletu.

# 2019 UKUHLONGOZWA KWENTELA

SARS At Your Service

Intela ekhokhwa abasebenzayo

## ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZEMALI YENTELA YOMUNTU SIQU?

Isabelo mali sango 2019 siletha izinguquko kwimali yentela kumuntu ngamunye. Inani lomholo lapho umuntu engabhadali intela khona lizobuyekezwa ngendlela elandelayo kunyaka oqala ngo 1 kuNdasa ngo 2019 kuya ku 29 kuNhlolanja ngo 2020.

| IZIGABA ZEMALI | NGONYAKA: 2018/19 | NGONYAKA: 2019/20 |
|---|---|---|
| Ngaphantsi kweminyaka eyi 65 | R78 150 | R79 000 |
| Iminyaka eyi 65 ukuya ku 74 | R121 000 | R122 300 |
| Iminyaka eyi 75 nangaphezulu | R135 300 | R136 750 |

*Amazinga amasha okukalwa ngawo inani lentela ekhokhwayo ahambisana nembuyiselo mali etholwayo*

| IMBUYISELO MALI | NGONYAKA: 2018/19 | NGONYAKA: 2019/20 |
|---|---|---|
| Eyokuqala (iminyaka engaphansi kwe 65) | R14 067 | R14 220 |
| Eyesibili (iminyaka eyi 65 uku-nyuka) | R7 713 | R7 794 |
| Eyokugcina (iminyaka eyi 75 nangaphezulu) | R2 574 | R2 601 |

Intela ka gwayi notshwala

## UKUKHUPHUKA KWENTELA KUGWAYI NOTSHWALA

Intela eziphuzweni ezidakayo kanye nogwayi izonyuka nagamaphesenti aphakathi kuka 7.4 no 9.

| UKUNYUKA KWERHAFU KUHAMBE NGOLUHLOBO: | KUZONYUKA NGO: |
|---|---|
| Ubhiya | 12c Ikani elingu 340ml |
| Iwayini elingahluziwe | 22c ibhodlela elingu 750ml |
| Iwayini elihluziwe | 37c ibhodlela elingu 750ml |
| Iwayini elihlohlozayo | 84c ibhodlela elingu 750ml |
| Utshwala obunongwe ngezithelo | 12c Ikani elingu 340ml |
| Ugologo | R4.54 ibhodlela elingu 750ml |
| Usikilidi | R1.14 iphakethe elina 20 |
| Ugwayi ozigoqela wona | R1.29 iphakethe lika 50g |
| Ugwayi wenqawe | 45c iphakethe lika 25g |
| Izigazu | R7.41 iphakethe lika 23g |

Amanani entela

### AMANANI ENTELA EKHOKHWAYO AMASHA (R)

*Intela ezokhokhwa umuntu ngamunye kulonyaka wentela ozoqala ngo 1 kuNdasa ka 2019 kuya ku 29 kuNhlolanja ka 2020.*

| Esingenisa intela (R) | Intela ezokhokhwa (R) |
|---|---|
| 0 kuya ku 195 850 | Amaphesenti angu-18 weholo elidonselwa intela |
| 195 851 - 305 850 | R35 253 kanye nama phesenti angu-26 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R195 850 |
| 305 851 - 423 300 | R63 853 kanye namaphesenti angu-31 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R305 850 |
| 423 301 - 555 600 | R100 263 kanye namaphesenti angu-36 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R423 300 |
| 555 601 - 708 310 | R147 891 kanye namaphesenti angu-39 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R555 600 |
| 708 311 - 1 500 000 | R207 448 kanye namaphesenti angu-41 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R708 310 |
| 1 500 001 ukuyaphezulu | R532 041 kanye namaphesenti angu-45 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R1 500 000 |
| Izikhwama zama-trusts | amaphesenti angu-45 |

### INTELA YEZINKAMPANI

*Unyaka mali ophela nangaluphi na usuku phakathi kuka 1 April 2019 no 31 March 2020.*

| Uhlobo | Isilinganiso sentela (R) |
|---|---|
| Izinkampani | Amaphesenti angu-28 wenzuzo ekhokha intela |

### INTELA YAMABHIZINISI AMANCANE

*Iminyaka wentela ephela phakathi kuka 1 Mbasa 2018 no 31 Ndasa 2019*

| Inzuzo ekhokha intela (R) | Izinga lentela (R) |
|---|---|
| 0 – 79 000 | Amaphesenti angu-0 wenzuzo ekhokha intela |
| 79 001 – 365 000 | Amaphesenti angu-7 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R79 000 |
| 365 001 – 550 000 | R20 020 kanye namaphesenti angu-21 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-365 000 |
| 550 001 nangaphezulu | 58 870 + 28% of the amount above 550 000 |

### INTELA YAMABHIZINISI AFUFUSAYO

*Unyaka mali ophela nangaluphi na usuku phakathi kuka 1 March 2019 no 29 February 2020.*

| | |
|---|---|
| 0 – 335 000 | 0% yemgeniso ehlawulelwayo |
| 335 001 – 500 000 | 1% yemgeniso ehlawulelwayo engaphezu kwe 335 000 |
| 500 001 – 750 000 | 1 650 + 2% yengeniso ehlawulelwayo engaphezu kwe 500 000 |
| 750 001 nangaphezulu | 6 650 + 3% yengeniso ehlawulelwayo engaphezu kwe 750 000 |

Ezentela kaphethiloli

## EKAPHETHILOMU NODIZILI

Intela kaphethilomu izonyuka ngamasenti angu-15 ilitha, bese kuthi imali eya emgodleni wezingozi zokunxephezela abalimala ezingozini zemigwaqo inyuke ngo-5 cents ilitha. Loku kuzonyusa:

- Intela kaphethilomu iye ku R3.52 ilitha, ekadizili iye kuR3.37 ilitha*
- Intela eya emgodleni wokunxephezela abalimala ezingozini zemigwaqo iye ku R1.98 ilitha lika phethilomu nodizili*
- Intela yesikhutha (carbon) engamasenti angu-9 ilitha likaphethilomu kanye namasenti angu-10 kwilitha likadizili izoqala ngo 5 June 2019.

** Konke lokhu kuzoqalwa ngoka 3 kuMbasa 2019.*